



Treating books as treasures


Books are expensive and so it is understandable that we want them to last. How can we help our children learn to take good care of books so that they can be enjoyed over and over again?



GROW A LOVE OF STORIES

We cannot expect children to treat books well if they do not love stories! When you spend time reading and enjoying stories with children, they soon learn to treasure books.

- ★ Too many rules about using books are likely to destroy children's love of stories. Try to have a few simple rules that make sense to children. For example:
 - ☉ "Let's keep water and things we drink away from books because if we spill on our books, they will get damaged."
 - ☉ "Let's make sure our hands are not sticky when we look at books because if some of the pages stick together, we won't be able to read the whole story!"
- ★ Help children learn to care for books by creating special places to store them.



TEACH BY EXAMPLE

- ★ Children learn more by watching us than by being told what to do. So, if you don't treat books well, you can't expect children to do so! Show them how to treat books. For example:
 - ☉ as you read to them, turn the pages carefully.
 - ☉ when you have finished reading a story, return the book to its place on the bookshelf.
- ★ Expect what is reasonable. Children need to spend time looking at or reading books on their own. Encourage age-appropriate book behaviour in your children. For example:
 - ☉ it is "normal" for babies to chew the corners of books – because they put everything into their mouths – but we wouldn't expect three-year olds to do this.
 - ☉ seven year-olds can be expected to turn the pages of a book gently, but many three-year-olds cannot yet manage this.



As with most things in life, learning to take care of books involves time, practice and encouragement. Children will learn this much faster if they experience the pleasure that reading and books offer.

Ukuphatha izincwadi njengezikhali zamaNtungwa

Ziyabiza izincwadi ngakho sifuna zihlale isikhathi eside. Singazisiza kanjani izingane ukuthi zifunde ukunakekela izincwadi ngendlela efanele ukuze zikwazi ukuthokozelwa njalo njalo futhi?

THUTHUKISA UTHANDO LWEZINDABA

Angeke silindele ukuthi izingane ziphathe kahle izincwadi uma zingazithandi izindaba! Uma uchitha isikhathi ufunda futhi uthokozela izindaba nezingane, nazo zisheshe zifunde ukuziphatha kahle izincwadi.

- ★ Ukuba nemithetho eminingi ngokusebenzisa izincwadi kungase kubulale uthando lwezindaba. Zama ukuba nemithetho embalwa elula ezwakalayo ezinganeni. Isibonelo:
 - ☉ "Ake sibeke amanzi kanye nezinto esiziphuzayo kude nezincwadi ngoba uma sithela ngakho izincwadi zethu, zizolimala."
 - ☉ "Ake siqinisekise ukuthi izandla zethu azinamfuki uma sibuka izincwadi ngoba uma amanye amakhasi enamathelana angeke sikwazi ukufunda indaba yonke!"
- ★ Siza izingane ukuthi zifunde ukunakekela izincwadi ngokuzenzela izindawo ezikhethekile zokuzigcina.

FUNDISA NGOKUBA YISIBONELO

- ★ Izingane zifunda kakhulu ngokubuka esikwenzayo kunokuthi sizitshale ukuthi mazenzeni. Ngakho, uma ungaziphathi kahle izincwadi, angeke ulindele ukuthi izingane zenze njalo! Zikhombise ukuthi ziziphathe kanjani izincwadi. Isibonelo:
 - ☉ ngesikhathi uzifundela, phenya amakhasi ngokucophelela
 - ☉ futhi uma usuqede indaba, buyisela incwadi endaweni yayo eshalofini lezincwadi.
- ★ Lindela okungenzeka. Izingane zidinga ukuchitha isikhathi zibheka noma zifunda izincwadi ngokwazo. Khuthaza ukuthi izingane zakho ziziphathe izincwadi ngendlela ehambisana neminyaka yazo. Isibonelo:
 - ☉ kuyinto "ejwayelekile" ukuthi abantwana abancane balume amachopho ezincwadi – ngoba bafaka yonke into emlonyeni yabo – kodwa angeke silindele ukuthi izingane ezineminyaka emithathu zenze lokhu.
 - ☉ izingane ezineminyaka eyisikhombisa zingalindeleka ukuthi ziphenye incwadi kamnene, kodwa izingane eziningi ezineminyaka emithathu angeke zikwazi ukwenza lokho.



GET MORE OF WHAT YOU WANT!

Parents and caregivers: Scan this code and complete a 1-minute questionnaire to tell us how we can make our supplement better.



THOLA OKUNINGI KWALOKHO OKUFUNAYO!

Bazali nabanakekeli bezingane: Sikena le khodi bese ugcwalisa iphepha-mibuzo eliwumzuzu owo-1 uitshele ukuthi singasenza kanjani isithasiselo sethu sibe ngcono.



Drive your imagination



IT STARTS WITH A STORY.
KUQALA NGENDABA EXOXWAYO.

Children's Literacy Rights

All children can be powerful readers and writers! These are our literacy rights.



1

To listen to hundreds and even thousands of wonderful stories, and tell our own stories too.

2

To use our own languages and learn other languages.



3

To talk about stories and books with our friends, families and teachers.



4

To be given opportunities to explore different types of writing – like stories, poems and information – from home and around the world.



5

To spend time drawing, painting and playing with stories.



6

To get help from adults with our reading and writing, and with choosing interesting books to read.



7

To visit the library to find the books we want to read, and to grow collections of books at home.



8

To share our thoughts, dreams and stories through our own writing.



Contact us in any of these ways:

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

info@nalibali.org

nalibali

Amalungelo Ezingane Okwazi Ukufunda Nokubhala

Zonke izingane zingaba abafundi kanye nababhali abanamandla! Lawa amalungelo ethu okwazi ukufunda nokubhala.



1

Ukulalela amakhulu kanye nezinkulungwane imbala zezindaba ezimnandi, nokuthi sixoxe ezethu izindaba futhi.

2

Ukusebenzisa ulimi lwethu kanye nokufunda ezinye izilimi.



3

Ukuxoxa ngezindaba kanye nezincwadi nabangani, imindeneni kanye nothisha bethu.



5

Ukuchitha isikhathi sidweba, sipenda futhi sidlala ngezindaba.



7

Ukuvakashela umtapo wezincwadi ukuze sithole izincwadi esifuna ukuzifunda bese siba neqoqo lezincwadi ekhaya.



4

Ukunikwa ithuba lokujula ngokubhaliwe okwehlukene – okufana nezindaba, izinkondlo kanye nolwazi – ekhaya kanye nasemhlabeni wonke.



6

Ukuthola usizo ebantwini abadala ngokuphathelene nokufunda kanye nokubhala, kanye nokukhetha izincwadi ezihlaba umxhwele esingazifunda.



8

Ukwabelana ngemicabango, amaphupho kanye nezindaba zethu ngalokho esikubhalile.



Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

www.nalibali.org

www.nalibali.mobi

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

info@nalibali.org

nalibali


Reading club corner



Ikhona lethimba lokufunda

4 easy ways to support your children's literacy

“When we help children become readers and writers, we give them the key to a worldwide community. But this does not happen overnight, and we need to help spark their literacy, and then keep it going by inspiring them. Here are some of the ways you can help.”



ProVerb, a multi-talented SA artist

UProVerb, iciko elineziphiso eziningi
laseNingizimu Afrika

Izindlela ezi-4 ezilula zokweseka ukwazi ukufunda nokubhala kwezingane zakho

“Ngenkathi sisiza izingane ukuthi zibe abafundi nababhali, sizinikeza isikhiye sokuvuleleka emphakathini womhlaba wonke. Kodwa lokhu akwenzeki ngokuphazima kweso, futhi kudingeka sisize ukokhela inhlanga yazo yokwazi ukufunda nokubhala, bese senza ukuthi kuqhubeke ngokuzifaka ugqozi. Nazi ezinye zezindlela ongasiza ngazo.”



1. Be a role model. Your children learn from your example. They need to see you using reading and writing in different ways in your daily life.
2. Provide materials. You can't learn to read if you don't have anything to read, and you can't learn to write if you don't have anything to write with or on! Children need to be able to easily find books that interest them and also paper, pencils and crayons to write and draw with.
3. Take an interest. Every time children read and write, encourage them by showing an interest in what they are doing.
4. Read aloud. When children are motivated to read and write, they stand a greater chance of being lifelong readers and writers! Reading aloud to them as often as you can, teaches them the power of print and opens up their minds to facts, fantasy, and much more. You can find stories in 11 languages on www.nalibali.org and www.nalibali.mobi.

1. Yiba isibonelo esihle. Izingane zakho zifunda ngokubonela kuwe. Kudingeka ukuthi zikubone usebenzisa ukufunda nokubhala ngezindlela ezahlukene empilweni yakho yansuku zonke.
2. Hlinzeka ngezinsiza. Angeke ufunde ukufunda uma ungenakho ozokufunda, futhi angeke ufunde ukubhala uma ungenayo into ozobhala ngayo noma ozobhalela kuyo! Izingane kumele zikwazi ukuzithola kalula izincwadi ezizihlaba umxhwele, kanye namaphepha, amapensela namakhrayoni ezizobhala bese zidweba ngawo.
3. Khombisa intshisekelo. Njalo uma izingane zifunda futhi zibhala, zikhuthaze ngokukhombisa intshisekelo kulokho ezikwenzayo.
4. Funda kuzwakale. Uma izingane sezikhuthazekile ukuthi zifunde zibuye zibhale, zisemathubeni amaningi okuthi zibe abafundi nababhali impilo yazo yonke! Ukuzifundela kuzwakale kaningi ngendlela ongakwazi ukuthi wenze ngayo, kuzifundisa amandla okushicilelwe futhi kuvulela imiqondo yazo emaqinisweni, nakulokho okungenzeke ngempela okujabulisa umqondo, nokunye okuningi. Ungathola izindaba ngezilimi eziyi-11 ku-www.nalibali.org naku-www.nalibali.mobi.



Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your
imagination

“Where is everyone going?” asked Valécia.
“We’re going to Gogo Moeng’s house. It is her birthday,” explained Sipho.
“I’ve got a bunch of flowers for Gogo Moeng. Can I come too?” asked Valécia.
“Of course,” said Momma and off they marched.
The bunch of flowers made Valécia sneeze, “*Achoo! A-A-Achoo!*”
The chubby chicken went *chuk-chuk-chook, chuk-chuk-chook*, the packet of crispy potato chips went *crinkle-cribble, pliff-pliff* down went *bobbity-bob* and Momma’s slippers went *pliff-pliff, pliff-pliff* down the dusty path until they saw Mr Sithole digging in his vegetable garden.
“Ngabe nlibangisephi?” kubuza uValécia.
“Siya endlini kaGogo Moeng. Usuku lwakhe lokuzalwa,” kuchaza uSipho.
“Nginzezimabali zikaGogo uMoeng. Ngingeza nami?” kubuza uValécia.
“Ungabe usabuzi,” kusho uMama, babeqhubeka njalo nendlela. Izimbali zenza ukuthi uValécia athimule, “*Athi! A-A-Athi!!!!*” Inkukhu ekhuluphelele yathi *kuku-kuku-kuku*, iphakethe lamashibus! lathi *khamu-khamu*, ibhelunde likaMntwana uBheka lithi *bham-bham-bham* ngesikhathi ophaga bakaMama bechi *phaga-phaga, phaga-phaga* behla ngenjela yobhunu baze babona noMnuuzane Sithole elima esivandeni sakhe.



Momma Moeng’s surprise

UMama Moeng wenza obekungalindelekile

Momma Moeng sets out to surprise Gogo Moeng on her birthday. She carries the jar of jam she made on her head, and ties Baby Beka and his blue balloon to her back. Along the way, they meet many more well-wishers, and Momma Moeng ends up heading a noisy, colourful procession carrying piles of presents to Gogo. When they finally get to Gogo’s house, there is a short pause, but then the party really gets going!



UMama uMoeng uzimisele ukwenzela uGogo uMoeng angakulindele ngosuku lwakhe lokuzalwa. Uthwala ibhodlela likajamu ekhanda, bese ebeletha uMntwana uBheka kanye nebelunde lakhe alithandayo. Endleleni, bahlangana nabanye abamfisela okuhle, bese uMama egcina esehamba nequlu elibanga umsindo, elijabule elithwele izipho eziningi zikaGogo. Ekugcineni, uma befika endlini kaGogo, kuba khona okuthile okungahambi kahle, bese iqhubeka nokho iphathi!



Joan Rankin
Tamsin Hinrichsen
Natalie Hinrichsen

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal’ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your imagination



Lapho uMntwana uBheka ezwa iphunga lekhekehe wanambitha wathi, “Ncam-ncam-ncam.”
Inkukhu ekhuluphela yathi *kuku-kuku-kuku*, iphake the lamashibusu lathi *klamu-klamu*, ibhelunde likaMntwana uBheka lathi *bham-bham-bham* ngesikhathi ophaqa bakaMama bechi *phaqa-phaqa, phaqa-phaqa* behla ngendlela yobhunuq baze bahlalngana noValencia.

It all started when Momma Moeng made a jar of jam for Gogo Moeng’s birthday. Then Baby Beka found his best blue balloon. He wanted to give it to Gogo for her birthday.
Momma tied Baby Beka to her back with a soft blanket. Then she put the jar of jam on her head and off she marched to Gogo Moeng’s house. Baby Beka’s balloon went *bobbity-bob* and Momma’s slipslops went *pliff-ploff, pliff-ploff* down the dusty path until she met Sipho coming out of the Tip-Top shop.
“Where are you going, Momma Moeng?” asked Sipho.
“Baby Beka and I are going to Gogo Moeng’s house. It’s her birthday today,” replied Momma.
“I’ve got a packet of crispy potato chips for Gogo Moeng. Can I come too?” asked Sipho.
“Of course,” Momma smiled and off they marched.

Kwaqala lapho uMama uMoeng enza ujamu ogcwele kibhodlela wosuku lokuzalwa lukaGogo uMoeng. UMntwana uBheka wase ethola ibhelunde lakhe eliphambili eliluhlaza okwesibhakabhaka. Wayefuna ukulinika uGogo ngosuku lwakhe lokuzalwa.
UMama wabeletha uMntwana uBheka ngengubo ethambile. Wase ethwala ibhodlela likajamu ehamba eqonde endlini kaGogo Moeng. Ibhelunde loMntwana uBheka lathi *bham-bham-bham* kanti ophaqa bakaMama bona bathi *phaqa-phaqa, phaqa-phaqa* ngenkathi ehla ngendlela ewubhuqu waze wahlangana noSipho ephuma esitolo iTip-Top.
“Uyaphi, Mama uMoeng?” kubuza uSipho.
“Mina noMntwana uBheka siya endlini kaGogo uMoeng. Usuku lwakhe lokuzalwa namhlanje,” kuphendula uMama.
“Nginamashibusu amazambane aklamuzela kamnandi kaGogo uMoeng. Ngingeza nami?” kubuza uSipho.
“Impela,” uMama wamamatheka, baqhubeka nendlela yabo.




“Where are you all going, Momma Moeng?” Mr Sithole asked.
“We’re going to Gogo Moeng’s house. It’s her birthday,” she replied.
“I have a trolley full of vegetables for her,” said Mr Sithole. “Please could you give it to her?”
“Of course,” answered Momma. But now Momma had a BIG problem – there was too much to carry! She had to think of a plan.
First, she took Baby Beka off her back and then tied the chubby chicken onto her back with the soft blanket. Baby Beka *SCREAMAAAAA!* So, Momma put the chubby chicken on top of the trolley and tied Baby Beka onto her back with the soft blanket. Baby Beka was happy and the chubby chicken was very happy to peck at all the vegetables. But Momma wasn’t happy with this so she put the chubby chicken on Valencia’s head.
The feathers tickled Valencia’s nose and made her sneeze even more, “AAAAA-CHOOOOO!” Valencia wasn’t happy.
“Nilibangise kuphi nonke, Mama uMoeng?”
kubuza uMnumzana uSithole.
“Siya endlini kaGogo Moeng. Usuku lwakhe lokuzalwa,” kuphendula uMama.
“Ngingenqola egcwele imifino yakhe,” kusho uMnumzana Sithole. “Ngingacele nimike yona?”
“Ush’ entshweni,” kuphendula uMama. Kodwa manje uMama wayesenekingisa ENKULU – wayesethwele izinto eziningi! Kwakumele aqhambuke neqhinga.
Waqala, wehlisa uMntwana uBheka emhlanase ebophela inkukhu ekhuluphela ngengubo ethambile. UMntwana uBheka inkukhu ekhuluphela engoleni bese ephinda ebetha uMntwana uBheka ngengubo ethambile. Wathokoza uMntwana uBheka kaniti nenkukhu ekhuluphela yakuthokozelela ukungqofa yonke imifino. Kodwa uMama wayengathokozele ngalokhu wabeka inkukhu ekhuluphela ekhanda likaValencia. Izimpaphe zakitaza ikhala likaValencia zamenza wathimula kakhulu futhi, “AAAAA-THIIIIII!” Akuzange kumthokozele lokhu uValencia.

Khona manjalo uNtuthwane Omncane wathi,
“Hhayi bo, nansiya irestorenti!”



And Little Ant said,
“Hey, there’s one!”



Little Ant’s big plan

Icebo Elikhulu LikaNtuthwane Omncane



Lots more free books at bookdash.org

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi





UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination



Candice Dingwall
Steven McKimmie
Telri Stoop



Little Ant loved to read.
Little Ant was often teased.
“Ants don’t read. Ants must feed.
Ants collect the food they need.”



UNtuthwane Omncane wayekuthanda ukufunda.
UNtuthwane Omncane wayede egconwa.
“Izintuthwane vele azifundi. Izintuthwane kufanele zazi ukudla nje kuphela.
Izintuthwane ziqoqa ukudla ezikudingayo.”





The ants go marching one by one,
carrying a burger, carrying a bun.
Zaqhubeka izintuthwane zihamba
zilandelana zishaye ujenqa,
zithwele ibhega, zithwele ibhanisi.

His baby sister takes his hand,
“Now I think I understand.
The way you love to read a book ...
Makes me want to take a look.”

Udadewabo kaNtuthwane Omncane wabamba
isandla sakhe wathi,
“Uyabona manje ngicabanga ukuthi
ngiyakuqonda okwenzekayo.
Indlela othanda ngayo ukufunda incwadi ...
Yenza ukuthi nami ngifune ukufunda incwadi.”

UNtuthwane Omncane uyaqala uyamemeza
ngendawo afunde ngayo,
“Thina lapha sidinga irestorenti,
nokuyindawo lapho abantu behamba bafike khona.
Kushiwo njalo lapha ezincwadini zami engizifundayo.”



Little Ant begins to shout
about a place he read about,
“A restaurant is what we need,
a place where people go to feed.
It says so in the books I read.”

Little Ant would read all day,
he’d read and read the day away.
The other ants took what they found
to store for winter underground.



UNtuthwane Omncane wayefunda usuku lonke,
wayefunda efunda usuku lonke.
Ezinye izintuthwane zazicosha ezikutholayo
zikugcinele isikhathi sasebusika ngaphansi komhlaba.



The queen wants food to fill the store,
so all the ants must work some more.
Indlovukazi yona ifuna ukudla ukuthi kugcwele engolobane!
nokusho ukuthi zonke izintuthwane kusafanele ukuthi
zisebenze kakhulu.




Umama nobaba bacasuka kakhulu,
kanti noNtuthwane Omncane waphatheka kabi kakhulu.
Ekwindla lapho amaqabunga ewela phansi,
izintuthwane kufanele ukuthi zigcine ukudla kwazo
emgodini ngaphansi.

His mum and dad got really mad,
and Little Ant felt really bad.
In autumn when the leaves fall down,
the ants must take food underground.




Little Ant gets hugs from Mum and Dad.



UNtuthwane Omncane wabe esethola
ukwangiwa nguMama noBaba wakhe.

When they returned, the queen is glad.
The stores are full. They cheer like mad.
Kwathi lapho izintuthwane zibuya indlovukazi
yabe ithokozile.
Kwagcwala izingolobane. Kwadansa yonke
intuthwane yinjabulo.



So, Momma took the chubby chicken and put it on Siphos head and she gave him Valécia's flowers to hold. Now Valécia had two hands free to hold the cake. And Momma had two hands free to push the trolley. Everyone was happy and off they marched to Gogo Moeng's house.

The wheels of the trolley went *squeak-squeak-squeak*. Valécia had icing from the cake on her cheeks so her tongue went *slurp-slurp-slurp*. Baby Beka mumbled, "Nummy, nummy, num-num." The chubby chicken went *chuk-chuk-chuk-chook*, the packet of crispy potato chips went *crinkle-crinkle*, Baby Beka's balloon went *bobby-bob* and Momma's slippers went *pliff-pliff, pliff-pliff, pliff-pliff* down the dusty path all the way to Gogo's house.

Ngakho, uMama wathatha inkukhu ekhuluphele wayibeka ekhanda likaSiphos wase emnika nezimbali zikaValécia ukuthi azibambe. Manje uValécia wayesencenzandla ezimbili ezingaphethe lutho ayengabamba ngazo ikhekhe. Kanti uMama wayesencenzandla ezimbili ezingaphethe lutho ayengaqhuba ngazo ingola. Wonke umuntu wayethokozile ngakho baqhubeka nendlela eya endlini kaGogo uMoeng.

Amasondo engola akhala athi *nsege-nsege-nsege*. UValécia wayenokhulimu wekhhekhe esihlatshini sakhe ngakho ulimi lwathi *khohi-khohi-khohi*. UMntwana uBheka wanamibitha wathi, "Ncam-ncam-ncam." Inkukhu ekhuluphele yathi *kuku-kuku-kuku*, iphakethe lamashibusathi *klamu-klamu*, ibhelunde likaMntwana uBheka lathi *bham-bham-bham* ngesikhathi ophaga bakaMama bechi *phaga-phaga, phaga-phaga* behla ngenndlela yobhuku baze bayongena endlini kaGogo.

"We must get a birthday cake for Gogo," said Momma.

They went inside. *Ting-a-ling* went the doorbell. "Good morning, Mrs Makabelo. Did you know today is Gogo Moeng's birthday?"

"Oh yes," said Mrs Makabelo. "I have baked a special cake for her, but I can't leave the shop. Could you take it to her?"

"Of course," offered Momma, but there was a problem – Momma needed two hands to carry the cake. So, she made a plan. She put the chubby chicken on top of the jar of jam that she was carrying on her head. Now she had two hands to carry the special birthday cake. Off marched Momma, Baby Beka and Siphos through the *ting-a-ling* door.


When Baby Beka smelt the cake he mumbled, "Nummy, nummy, num-num."

The chubby chicken went *chuk-chuk-chuk-chook*, *chuk-chuk-chook*, the packet of crispy potato chips went *crinkle-crinkle*, Baby Beka's balloon went *bobby-bob* and Momma's slippers went *pliff-pliff, pliff-pliff, pliff-pliff* down the dusty path until they met Valécia.

"Kumele sitholele uGogo ikhekhe losuku lokuzalwa," kusho uMama. Bangena phakathi. *Khence-khence*, kukhala insimbi emnyango. "Sawubona, Nkosikazi uMakabelo. Ngabe bewazi ukuthi namhlanje usuku lokuzalwa lukaGogo uMoeng?"

"O, yebo," kusho uNkosikazi uMakabelo. "Ngimbhakele ikhekhe lekhethele, kodwa angikwazi ukushiya la esitolo. Ningangihambiseela lona?"

"Ubala lolo," kuzinikela uMama, kodwa kwakunenkinga – uMama waycedlinga izandla ezimbili ukuze aphahe ikhekhe. Ngakho, waphamuka neso. Wabeka inkukhu ekhuluphele phezu kwebhodlela ngazo ikhekhe lekhethele. Baqhubeka nohambo oMama, uMntwana uBheka noSiphos bephuma ngomnyango okhala insimbi ethi *khence-khence*.



When she opened it, everyone started singing a happy-birthday song.


On the table were the vegetable pie and jam tarts that Momma had made, newly laid eggs from the chubby chicken, the special birthday cake and the crispy potato chips. The table was decorated with flowers and Baby Beka's beautiful blue balloon.

"THIS IS MY BEST BIRTHDAY EVER!" said Gogo. And she should know, because Gogo had already had at least eighty or ninety birthdays before this one!

Lapho ewuvula, wonke umuntu waqala ukucula iculo lokumfisela usuku lokuzalwa olumnandi.

Etafuleni kwakukhona uphaya wemifino kanye namathathi kajamu okwakwenziwe uMama, kunamaqanda asanda kuzalelwa yinkukhu ekhuluphele, ikhekhe lekhethele losuku lokuzalwa kanye namashibusi amazambane aklamuzelayo. Itafula lalihlotshiwe ngezimbali kanye nebhelunde elihle eliluhlaza okwesibhakabhaka likaMntwana uBheka.

"LOLU USUKU LOKUZALWA OLUHLE KUNAZO ZONKE ENGAKE NGABA NAZO!" kusho uGogo. Futhi wayekwazi kangcono lokhu, ngoba uGogo wayesebe nezinsuku zokuzalwa okungenani ezingamashumi ayisishiyagalombili noma ezingamashumi ayisishiyagalolunye ngaphambi kwalolu!



“I’ve got a chubby chicken for Gogo Moeng. Can you give it to her?” asked Mr Shabalala.

“Of course,” said Momma tucking the chubby chicken under her arm and off marched Momma, Baby Beka and Siphho.

The chubby chicken went *chuk-chuk-chook, chuk-chuk-chook*, the packet of crispy potato chips went *crinkle-crinkle*, Baby Beka’s balloon went *bobbity-bob* and Momma’s slippers went *pliff-ploff, pliff-ploff* down the dusty path until they came to Mrs Makabelo’s home-bake shop.

“Ngingenkukhu ekhuluphele kaGogo uMoeng. Ngabe ningamnika yona?” kubuza uMnumzane uShabalala.

“Ungabe usabuza,” kusho uMama efaka inkukhu ekhuluphele ngaphansi kwekhwapha, beqhubeke nohambo oMama, uMntwana uBheka noSiphho.

Inkukhu ekhuluphele yathi *kuku-kuku-kuku*, iphakethe lamashibusi lathi *klamu-klamu*, ibhelunde likaMntwana uBheka lathi *bham-bham-bham* ngesikhathi ophaqa bakaMama bethi *phaqa-phaqa, phaqa-phaqa*, behla ngendlela ewubhuqu wasekhaya behla ngendlela ewubhuqu baze bafika esitolo sombhako wasekhaya sikaMkosikazi uMakabelo.

Siphho’s packet of crispy potato chips went *crinkle-crinkle*, Baby Beka’s balloon went *bobbity-bob* and Momma’s slippers went *pliff-ploff, pliff-ploff* down the dusty path until they came to Mr Shabalala, who was feeding his chickens.

“Where are you going?” he asked.

“We’re going to Gogo Moeng’s house. It’s her birthday,” answered Momma.



Iphakethe likaSiphho lamashibusi amazambane aklamuzelayo lathi *klamu-klamu*, ibhelunde loMntwana uBheka lalithi *bham-bham-bham* ngesikhathi ophaqa bakaMama bethi *phaqa-phaqa, phaqa-phaqa*, behla ngendlela ewubhuqu baze bafika kuMnumzane uShabalala, owayepha izinkukhu zakhe ukudla.

“Niyaphi?” kubuza yena.

“Siya endlini kaGogo Moeng. Usuku lwakhe lokuzalwa,” kuphendula uMama.

UMama wangqongqoza emnyango wangaphambili. USiphho washaya ikhwele. Wamemeza uValencia. Kodwa akuphendulanga muntu. UMama wadudula isicabha sangaphambili base bengena bonke. Kodwa kwakukhala ibhungzi. Babheka ekhishini – kwakungekho muntu. Babheka ekamelweni lokulala – kwaku-ngekho muntu. Babheka yonke indawo. Ngabe uphi uGogo?

UMama wathi, “Ake sivele siphake mhlawumbe uGogo uzogqhamuka.”

Ngakho yilokho okwenziwa yiyo bonke – yebo yiyo bonke ngaphandle kukaMntwana uBheka. Wahlala phezu kwekhabethe lasekhishini eduze kwefasitela walokhu ebuka waze wabona uGogo ehamba ezansi kwegquma elingumqansa.



Momma knocked on the front door. Siphho whistled. Valencia shouted. But there was no reply. Momma pushed the front door open and they all went inside. But there was no one there. They looked in the kitchen – nobody. They looked in the bedroom – nobody. They looked everywhere. Where could Gogo be?

Momma said, “Let’s get cooking and maybe Gogo will turn up.” So that is what everyone did – everyone except Baby Beka. He sat on the kitchen counter next to the window and watched until he saw Gogo walking way down the path at the very bottom of the steep hill.

“Gogo! Gogo!” he called. Everyone looked.

“GOGO! GOGO!” everyone shouted together. “GOGO!”

Way down at the bottom of the steep hill Gogo said, “EE-EE-EE. Someone is calling me. Now I can’t go to the shops to buy my birthday supper.”

Gogo turned round and walked all the way up the steep hill. Her slippers went *shuffle-shuffle* on the dusty path. Finally she reached the back door.

“Gogo! Gogo!” kumemeza yena. Bonke babheka ngakhona.

“GOGO! GOGO!” kumemeza wonke umuntu kanyekanye. “GOGO!”

Le ezansi negquma elingumqansa uGogo wathi, “EE, EE, EE. Kukhona umuntu ongibizayo. Manje angeke ngisakwazi ukuyothenga ukudla kwakusihlwa kosuku lwami lokuzalwa.”

UGogo waphenduka wase ekhuphuka igquma eliwumqansa. Izicathulo zakhe zithi *shi-shi-i* endleleni yobhuqu. Ekugcineni wafika emnyango ongemuva.



Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *Momma Moeng's surprise* (pages 5, 6, 11 and 12), *Little Ant's big plan* (pages 7 to 10) and *The big mistake* (page 14).

Momma Moeng's surprise

Here are some things to do after you have read the story.

- ★ Choose a part of the story that does not have an illustration and draw a picture for it. Copy out the words from the story that go with your picture.
- ★ What would you have given Gogo Moeng as a birthday present? Write a list of your ideas.
- ★ Make a birthday card for a friend or family member whose birthday is soon – or make one for Gogo Moeng. Remember to write a message inside your card!



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi okumele ukuba uyizame. Isuselwe kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *UMama Moeng wenza obekungalindelekile* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *Icebo Elikhulu LikaNtuthwane Omncane* (amakhasi 7 kuya kwele-10) kanye nethi *Iphutha Elikhulu* (ikhasi 15).

UMama Moeng wenza obekungalindelekile

Nazi ezinye izinto ongazenza ngemuva kokufunda indaba.

- ★ Khetha ingxenye yendaba engenawo umdwebho bese udweba isithombe sayo. Kopisha ukhiphe amagama aphuma endabeni azohambisana nesithombe sakho.
- ★ Yini obuzoyinika uGogo Moeng njengesipho sosuku lokuzalwa? Bhala uhlu lwemibono yakho.
- ★ Yenza ikhadi losuku lokuzalwa wenzela umngani noma ilunga lomndeni elinosuku lokuzalwa oluzozu maduze nje – noma wenzele uGogo Moeng. Khumbula ukubhala umyalezo ngaphakathi ekhadini lakho!

Little Ant's big plan

- ★ How did Little Ant's love of books and reading help him and his colony? How has something that you read about helped you?
- ★ Draw and cut out pictures of Little Ant and the other story characters. Then use the pictures to retell the story in your own words.
- ★ Find out more about ants from information books and/or the internet. Look for interesting facts on their colonies and how they gather and store food.



Icebo Elikhulu LikaNtuthwane Omncane

- ★ Ingabe uthando lwezincwadi lukaNtuthwane Omncane kanye nolokufunda lwamsiza kanjani yena kanye nequlu lezintuthwane? Kukusize kanjani lokho okufundile?
- ★ Dweba bese usika ukhiphe izithombe zikaNtuthwane Omncane kanye nabanye abalingiswa bendaba. Emva kwalokho usebenzise izithombe ukuphinda uxoxe indaba ngamazwi akho.
- ★ Thola okwengeziwe mayelana nezintuthwane ezincwadini zolwazi kanye/ noma kuzizindalwazi. Thola amaqiniso athakaselekayo mayelana neziduli zazo nokuthi zikuqoka ziphinde zikugcine kanjani ukudla.

The big mistake

- ★ Have you ever made a big mistake? What happened, and how did you feel about it?
- ★ What happened to make you feel better afterwards?
- ★ Little Bird and Hippo were still friends even though Hippo had nearly eaten Little Bird. Do you think it is important to forgive others if they made a mistake? Why do you say so?



Iphutha elikhulu

- ★ Wake walenza iphutha elikhulu? Kwenzakalani, futhi wazizwa kanjani ngalokho?
- ★ Yini eyenzekayo eyakwenza wazizwa ungcono ngemuva kwalokho?
- ★ UNyonencane kanye noMvubu babesengabangani nakuba uMvubu wayecishe wadla uNyonencane. Ucabanga ukuthi kubalulekile ukuxolela abanye uma benze iphutha? Kungani usho kanjalo?

Did you know
you can advertise here?

Every year Nal'ibali distributes 280 000 newspaper supplements in 9 languages to homes and reading clubs.

Plus we guarantee an additional 1500 monthly online views!

Nal'ibali
IT STARTS WITH
A STORY

Don't miss out on your special introductory offer!
Visit www.nalibali.org/supplement-advertising for more information.

Ungaphuthelwa yisipesheli sokwamukela abaqalayo kuphela!

Yana ku-www.nalibali.org/supplement-advertising ukuthola olunye ulwazi.

Bewazi
ukuthi ungakhangisa
lapha?

Minyaka yonke uNal'ibali usabalalisa amankonyane amaphephandaba angama-280 000 ngezilimi eziyisi-9 afinyelele emakhaya nakumakilabhu okufunda.

Phezu kwalokho, zinyanga zonke kunesinye isibalo sabayi-1500 abawafunda nge-inthanethi!



Drive your
imagination



The big mistake

Written by Desirée Botha ■ Illustrated by Chantelle and Burgen Thorne

It was nice, lazy day along the river. Everything was very quiet. The only noise was Little Bird chirping softly while he cleaned Hippo's big, flat teeth.

Hippo was enjoying getting his teeth cleaned. He lay with his head out of the water, his mouth wide open. The sun warmed him and before he knew it, he was drifting off to sleep. He dreamt of a big juicy patch of grass floating right by him and, in his dream, he took a big bite and swallowed.

"You ate Little Bird!" The voice woke Hippo up with a fright. It was one of the flamingos. He looked very angry! His pink face was turning red!

"You ate Little Bird," he shouted again, pointing his wing at Hippo.

"I would never!" Hippo defended himself. "I eat grass, not little birds! Besides, Little Bird is my friend! I wouldn't eat him!"

"I saw you! He was cleaning your teeth, and you swallowed him up!"

Hippo remembered his dream. Now he was scared! Had he swallowed his friend by mistake? Then, as he climbed out of the river, he heard a familiar chirping sound. It was Little Bird!

Hippo looked all around to see where Little Bird was. At last, he realised that the sound was coming from inside his tummy. He *had* swallowed his friend!

"See? I told you!" said Flamingo. "You ate Little Bird!"

"I ... I didn't mean to ..." Hippo cried, "We need to rescue him. We have to get him out of my tummy!"

By now all the animals living along the river had come closer to find out what was going on. They started coming up with plans.

"Let's send some small fish down into your tummy. They can lead the way for Little Bird to swim back out," said Monkey. But hearing this, all the small fish quickly swam away.

"We can use one of my teeth to cut your stomach open and save Little Bird," suggested Lion. Hippo didn't think that sounded like a good idea!



"What are we going to do? Little Bird can't stay in my tummy forever!" said Hippo. But he just couldn't think of any better ideas. Perhaps he should let Lion cut open his tummy and take out Little Bird. He was just about to agree to it when wise old Owl came to the rescue.

"Calm down, everyone," said Owl. Everyone listened. "Get me a big feather," he ordered.

Quickly, one of the birds flew down to where Flamingo stood and brought back what Owl had asked for.

"Wonderful!" said Owl as he flew down to the ground in front of Hippo. "Now open your mouth as wide as you can, and I am going to climb inside!" he said.

"Don't do that! He is going to eat you too!" Monkey warned.

"Oh, be quiet!" Owl told them. But softly he said to Hippo, "You had better not! Whatever you do, do not close your mouth while I am in there!"

Owl climbed inside Hippo's huge and scary jaws! Then he began to tickle Hippo's throat softly with the feather. At first it only made Hippo giggle, but then suddenly...

"Gha...gha...ghaaaaa!" Hippo coughed, and Owl and Little Bird came flying out of his mouth! Both of them were dripping with hippo spit. Little Bird hugged Owl and then rushed to hug Hippo too.



"I am so sorry!" said Hippo.

"Don't feel bad," said Little Bird. "I should have woken you up when you fell asleep. I know you didn't mean to. It was just a mistake, and besides, I am perfectly alright."

Hippo and Little Bird turned to Owl who was busy washing his wings in the river. "Thank you, Owl. You saved the day!" they said.

"Pleasure!" said Owl, washing the last bit of spit out of his feathers. "Now, if everyone could be quiet, I can go back to sleep."

Owl flew back to the hollow of a big tree that was his home. All the other animals went back to their own business. Flamingo's face went back to its usual pink colour, but he was still shaking his head.

"Silly bird! He eats you but you still stay friends," he muttered. Then he went back to his spot, stood on one leg and fell asleep.

"I really am sorry," said Hippo to Little Bird again. "I understand if you don't want to clean my teeth again."

"But then you will get toothache!" answered Little Bird. "We'll just make sure that you don't fall asleep while I'm doing it. Now let's go and find you some juicy grass to eat. I'm sure you must be hungry."

And off they went.



Drive your
imagination

Iphutha elikhulu

Ibhalwe nguDesirée Botha Imifanekiso nguChantelle noBürgen Thorne

Kwabe kuwusuku oluhle oluvilaphisayo nje uma ugudla osebeni lomfula. Yonke into yayithule iithe cwaka. Uwodwa umsindo owawuzwakala okwakungokaNyonecane owayetshiloza kancane ngesikhathi ehlanza amazinyo amakhulu ayisicaba kaMvubu.

UMvubu wayekuthokozela ukuhlanzwa amazinyo akhe. Wayelele ekhiphele ikhanda lakhe ngaphandle kwamanzi, umlomo wakhe ewukhamise uvuleke nge. Ilanga lalimfudumeza kwathi engazelele nje wayesezunywe ubuthongo. Waphupha ngesiqephu esikhulu sotshani obuconsisa amathe obabuntanta eduze nje kwakhe, kanti khona ephusheni lakhe, wabuluma utshani wabugwinya.

"Udle uNyonecane wena!" Izwi lavusa uMvubu ngokumethusa. Kwakungenye yezinyoni, okuthiwa ngomakholwase. Yayibukeka ithukuthele kakhulu! Ubuso bayo obuphinki base buphenduka buba bomvu!

"Udle uNyonecane," imemeza futhi, ikhomba ngephiko layo kuMvubu.

"Angisoze!" kwasho uMvubu ezivikela. "Ngidla utshani, hhayi izinyoni ezincane! Ngaphandle kwalokho nje, uNyonecane wumngani wami! Angeke nje ngamudla!"

"Ngikubonile! Ubehlanza amazinyo akho, wena wase umgwinya!"

UMvubu walikhumbula iphupho lakhe. Manje wayeseshaywa wuvulo! Ingabe wayegwinye umngani wakhe ngephutha? Emva kwalokho, ngesikhathi etabuluka ephuma emfuleni, wezwa umsindo wokutshiloza ojwayelekile. Lowo kwabe kunguNyonecane!

UMvubu waqalaza yonke indawo ebheka ukuthi uNyonecane wayengakuphi. Ekugcineni, wezwa ukuthi lowo msindo wawuvela ngaphakathi esiswini sakhe. Wabe egwinye umngani wakhe!

"Uyabona-ke? Ngikutshelile!" kwasho uMkholwase. "Udle uNyonecane!"

"Be- ... bengaqondile uku- ..." kwasho uMvubu ekhala, "Sidinga ukumkipha otakwini. Kumele simkiphe esiswini sami!"

Manje zonke izilwane ezihlala ngasosebeni lomfula zase zisondele ukuze zizothola ukuthi kwabe kwenzekani. Zaqala ukuza namasu athile.

"Masithumele izinhlanzi ezincane phakathi esiswini sakho. Zingahola uNyonecane ukuba abhukude aphume," kwasho uNkawu. Kodwa zathi zingezwa lokhu, zonke izinhlanzi ezincane zavele zabhukuda zabaleka.

"Singasebenzisa elinye lamazinyo ami ukusika sivule isisu sakho bese siphephisa uNyonecane," kwakuphakamisa uBhubesi. UMvubu wakubona kungelona isu elihle lokho!



"Sizokwenzenjani? UNyonecane akakwazi ukuhlala esiswini sami ingunaphakade!" kwasho uMvubu. Kodwa wayengakwazi ukuqhamuka namasu angcono. Mhlawumbe kwakufanele avumele ukuthi uBhubesi asike avule isisu sakhe bese ekhipha uNyonecane. Wayesezolvuma leli su ngesikhathi uSikhova ohlakaniphile emsindisa.

"Yehlisani umoya nonke," kwasho uSikhova. Zonke izilwane zalalela. "Ngitholeleni uphaphle olukhulu," kulawula yena.

Ngokushesha, enye yezinyoni yandiza yehla yaya lapho kume khona uMakholwase maqede yabuya nalokho okwakucelwe nguSikhova.

"Kuhle-ke!" kwasho uSikhova ngesikhathi endiza ehlela phansi phambi kukaMvubu. "Manje vula umlomo kakhulu ngangokusemandleni akho, mina ngizongena ngaphakathi!" kwasho yena.

"Ungakwenzi lokho! Uzokudla nawe!" kuxwayisa uNkawu.

"Hhayi, thulani!" kwasho uSikhova. Kodwa wayesehleba ebhekise kuMvubu, "Kungangcono ungakwenzi lokho! Noma ngabe yini ongayenza, ungalinge uvale umlomo wakho ngesikhathi ngisephakathi!"

USikhova wangena phakathi kwemihlati emikhulu neyesabekayo kaMvubu! Wayeseqala ukukitaza kancane umphimbo kaMvubu ngophaphe. Ekuqaleni lwenza ukuthi uMvubu agigitheke, kodwa ngemva kwalokho ngokushesha...

"Oho...oho...hoooo!" kukhwehlela uMvubu, khona manjalo uSikhova noNyonecane baphuma bendiza emlonyeni kaMvubu! Bobabili babemanzi begcwele amathe emvubu. UNyonecane wawola uSikhova emuva kwalokho wayowola noMvubu.



"Ngiyaxolisa kakhulu!" kwasho uMvubu.

"Ungaphatheki kabi," kwasho uNyonecane. "Bekufanele ngikuvuse ngesikhathi ufikelwa wubuthongo. Ngiyazi ukuthi ubungaqondile. Bekuyiphutha nje, futhi ngaphandle kwalokho, ngiphile saka."

UMvubu kanye noNyonecane baphenduka babheka uSikhova owayematasa egeza izimpiko zakhe emfuleni. "Ngiyabonga, Sikhova. Ave ulwenze lwaluhle usuku!" kwasho bona.

"Kubonga mina!" kwasho uSikhova, egeza izinsalela zokugcina zamathe ezabe ziseziphapheni zakhe. "Manje-ke, uma nonke ningake niithule du, ngingabuyela ekuzilaleni."

USikhova wandiza wabuyela engoxweni yesihlahla esikhulu okwakuyikhaya lakhe. Zonke ezinye izilwane zabuyela emisebenzini yazo. Ubuso bukaMkholwase babuyela embaleni wabo ojwayelekile ophinki, kodwa wayelokhu elinikine njalo ikhanda.

"Isithutha senyoni lesi! Uyakudla kodwa nisaqhubeka nibe ngabangani," kungundaza yena. Emuva kwalokho wabuyela endaweni yakhe, wama ngomlenze owodwa maqede wazunywa wubuthongo.

"Ngiyaxolisa ngempela," kwasho uMvubu kuNyonecane futhi. "Ngingaqonda uma ungasafuni ukuphinda uhlanze amazinyo ami futhi."

"Kodwa manje amazinyo akho azonkenketha!" kwaphendula uNyonecane.

"Sizokwenza nje isiqiniseko sokuthi awulali ngesikhathi ngenza lokho. Manje-ke ake sihambe sikutholele utshani obuconsisa amathe ozobudla. Ngikholwa ukuthi usulambile manje."

Basuka lapho bahamba.



Drive your
imagination





1.

Little Ant has lost his books! Can you help Little Ant find them?



UNtuthwane Omncane
ulahlekelwe yizincwadi zakhe!
Ungakwazi ukusiza uNtuthwane
Omncane azithole?



2.

Be a word detective and find a word in the story, *The big mistake*,

- that describes Hippo's teeth _____
- that describes the colour of Flamingo's face _____
- for when your tooth is hurting _____
- for a place in a tree where owls live _____
- that means to laugh _____
- that is new to you _____

Yiba ngumcingi wamagama bese uthola igama endabeni ethi, *Iphutha elikhulu*,

- elichaza amazinyo kaMvubu _____
- elichaza umbala wobuso bukaMkholwase _____
- elithi amazinyo azoba buhlungu _____
- lendawo esesihlahleni lapho kuhlala khona izikhova _____
- elisho ukuhleka _____
- elisha kuwe _____

3.

Use your imagination to tell the rest of this story.

Noodle sniffed the air. A strange smell was coming from the kitchen, and the air felt hot! What was Gogo doing? He went to look, but Gogo wasn't there ...



Sebenzisa iso lakho lengqondo ukuqedela ukuxoxa le ndaba.

UNoodle wahogela umoya. Iphunga elingajwayelekile liphuma ekhishini, futhi umoya uzwakala ushisa! Ingabe uGogo wayenzani? Wahamba wayobheka, kodwa uGogo wayengekho lapho ...



Answers: 2) big/flat; pink; toothache; hollow; giggle
Izimpendulo: 2) amakhulu/ayisicaba; ophinki; ozonkenkenketha; ingoxo; ukugigithheka



Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

- www.nalibali.org
- www.nalibali.mobi
- [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)
- [@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)
- [@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)
- info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Dumisani Sibiya. Nal'ibali character illustrations by Rico.

RISING SUN

PROTEA

RECORD

UMLAZI
EYETHU

Bonus

LENTSWE
THE VOICE OF MATLORANA

RIDGE TIMES



Drive your
imagination

